

INGXOXO

EBUTHUNYWENI BENKOLO



[Ibandla licula elithi *Kholwa Kuphela*. UMfowethu Branham uyethulwa—Umhl.] (...?...)

Ngiyabonga.

² O, njengoba ngibuka lababafo abancane bemi lapha, omama nezithandwa zabo ezincane esandleni sabo, obaba, ngicabanga ngesikhathi ebengishumayela ngaso ngobunye ubusuku, ngenkathi uMariya emi emgqeni noMntwana wakhe omncane uKristu engalweni yakhe. Wathola lowoMntwana kuNkulunkulu, yilapho othole khona owakho, futhi, wayevela kuNkulunkulu. Ukhathalele impela nje umntwana wakho njengoba Ubeyoba njalo kunoma yimuphi umntwana, ngoba kuyingxenywe yokudaliweyo kwaKhe.

³ Manje, eBhayibhelini, sizama njalo ebandleni lethu ukulandela imithetho nemibandela yomBhalo, ngokusondele nje ngakho konke esingakwenza. Abanye abantu bafafaza abantwana abancane, noma babhaphathize, umbhaphathizo wosana; angizange ngikuthole lokho emBhalweni, angikholwa ukuthi kungokomBhalo. Indawo kuphela esake sayithola eBhayibhelini, lapho uJesu athatha khona abafo abancane futhi wababusisa, wayesethi, “Vumelani abantwana abancane beze kiMi, ningabenqabeli, ngokuba uMbuso ungowabanjalo.”

⁴ Manje, bekuyosithatha isikhathi impela ukuthatha ngamunye ngamunye, kodwa, niyazi, izandla zethu azisho lutho kangako empeleni, yizandla zaKhe esizifuna kubo. Bobaba nomama, uNkulunkulu uninike leli eliyigugu, igugu elincane eniliphethe ngezingalo zenu, futhi niyazi, ngithemba ukuthi Uzonivumela niphile ukuba nikhulise lezizingane. Futhi uma uJesu elibala, ngethemba ukuthi ezingalweni zenu, nibambe abaculi abancane, nabavangeli, nabelusi, nabashumayeli, nabaprofethi bezinsuku ezizayo. Ubani owaziyo na? UNkulunkulu yedwa. Umsebenzi wethu ngukuzinikela.

⁵ Lezizingane ezincane oziphethe ngezingalo zakho, ngifuna nizwe lokhu enhliziyweni yenu: ukuthi nibuyisela lezizingane ezincane kuMdali Owanipha zona. UNkulunkulu wazinika nina, futhi ziyigugu, manje zibuyiselani kuYe ngenhliziyo yenu yonke, bongani iNkosi.

⁶ UMfowethu Sullivan lapha, omunye wakhe...isizathu sokuphenduka kwakhe, angazi noma wake wanitshela noma qha, yingenxa yomntwana efa nge (Kwakuyini...?) [UMfowethu uthi, “Uklilo.”—Umhl.] uklilo.

⁷ Ubaba, emuva eKentucky, ngenkathi izinsuku zasekuqaleni zePentecost, uMfowethu Sullivan wayengumahluleli edolobheni, nobaba wayethathe isinqumo sakhe sokuma ukwethemba uNkulunkulu ngokuphulukiswa kwengane yakhe. Futhi wayengosanda kuphenduka nje, ngiyakholwa, ugweva, umshovi wotshwala obungekho emthethweni, noma okuthize, osanda kuphenduka, nengane yaba noklilo, okungukuthi ngalezozinsuku kwakungukufa, kodwa ubaba wathi, “Ngizomethemba uNkulunkulu.”

⁸ Futhi ngakho behlela edolobheni ukuthola uMahluleli ukuba asayine isitatimende ukuyobopha lowobaba futhi bamfake ejele, futhi bathathe leyongane ngempopo baye osizweni lwezokwelapha. Ngakho umahluleli waqala, wathi, “Ubefanele aphoswe ejele.” Ngakho wadumela ipeni lakhe ukusayina isimemezelo, noma, incwadi egunyazayo, futhi ngenkathi enza, uMoya oNgcwele wahamba phezu kwakhe, wathi, “Ungakusayini lokho.” Wayeseqala futhi ukukusayina, wathi wayecabanga ukuthi wayezoba yiqeqeba lamakhaza. Into ethize yathi, “Ungakusayini.”

Futhi ummeli wathi, “Yini indaba, Mahluleli na?”

Wathi, “Angikholwa nje ukuthi ngifuna ukukusayina namuhla.”

⁹ Futhi wakunika umsizi, nomsizi wakusayina. Ngakho abanye babangane bakhe besedolobheni, bagijima banqamula intaba base betshela uyise womntwana, “Bayeza,” umntwana omncane elele engenakuphila, “bayeza, futhi bazokubopha, futhi bakuphose ejele, futhi bathathe leyongane bayise esibhedlela.”

¹⁰ Futhi lobabayi wahamba wangena lapho, futhi wathola ingane yakhe efayo, wayibeka ezingalweni zakhe—zakhe, wayiphakamisa, wathi, “Nkulunkulu, Wangipha yona, ithathe, ngoba ngiyingane esanda kuzalwa nje. Uma bewelela lapha, kuzobakhona ukudubula, futhi angifuni ukuxoveka kunoma yini. Wanginika yona, futhi ngethemba Wena, ithathe, manje Wena thatha impilo yayo; Wanginika yona, Yithathe uyibuyisele emuva.”

Futhi lapho esho lokho, ingane encane yaphenduka ezingalweni zikababa, yathi, “Babayi, ngehlise, ngilambile.”

¹¹ Futhi lapho befika, iziphathimandla ziza ukuzolanda ingane, noma, ukulanda ubaba, zathi, “Sizokuthatha, bese sithatha lowomntwana simuyise esibhedlela.”

¹² Wathi, “Phumelani lapho egcekeni, bonke badlala ibhola futhi ningitshele ukuthi yimuphi obenoklilo, thatha lowo ocabanga ukuthi ubenoklilo.” Umahluleli usebe ngumshumayeli.

¹³ LowoNkulunkulu ofanayo, Obengasindisa impilo yalowomntwana, angabusisa impilo yomntwana wakho, usezingalweni zakho manje, asimbambe nje kuNkulunkulu, futhi sicele uNkulunkulu ukuba abusise lowomntwana, futhi akhiphe inhloso yaKhe kuye yokuza emhlabeni, sisakhothamisa amakhanda ethu, umzuzwana nje. Manje, bomama nobaba, ngendlela yenu uqobo elula, enhliziyweni yenu, nendlela yami elula, asinikele lababantwana eNkosini uNkulunkulu wethu.

¹⁴ O Nkulunkulu, Baba wethu, labomama nobaba, abami lapha nalolu oluncanyana lothando Obanike lona, lezizingane ezincane, ezinye zazo ezincane, ezinempandla, nezinye zazo zinezinwele ezinde, namahle, amantombazanyana. Futhi zonke ziyigugu, amagugu amancane afikile ukuzokwenza isibopho sekhaya siqine, izikhonzi ezincane zokubusa kwaKho Ozinike lababazali ukuba bazikhulise.

¹⁵ Bami lapha phambi kwe-altare likaNkulunkulu oPhilayo, futhi ngikhuleka kuWe, Baba waseZulwini, ukuthi isandla saKho somusa sizophumula phezu kwalowo nalowo wabo, njengalabobaba nomama, bephakamisele labo abancinyane kuWe, kwangathi izandla ezinkulu, esibekwe phezu kwamakhanda alabo abancinyane abeza kuYe, ezinsukwini ezedlulayo, kwangathi lezozandla, lezo ezinezibazi ngezikipikili, kwangathi zingabusisa impilo yalaba ngamunye.

¹⁶ Wena ushilo eZwini, “Yisho kulentaba, ‘Nqukuleka,’ ukholwe ukuthi okushoyo kuyenziwa.”

¹⁷ Futhi njengenceku yaKho, Nkosi, futhi njengalababantu, izinceku zaKho, sithi kuMoya oNgcwele omkhulu, “Thatha izimpilo zalaba abancinyane ezandleni zaKho, uma kukhona ukugula phakathi kwabo, kususe.” Futhi, Nkosi, kwangathi bangaphila izimpilo ezinjalo, uma likhona ikusasa, ukuthi bayoba ngabesilisa nabesifazane, ozothwala iVangeli aliyise ezweni kusasa. Siphel khona, Nkosi, yizwa umkhuleko wethu othobekile, njengoba sibanikela kuWe. EGameni leNdodana yaKho, iNkosi uJesu. Amen.

¹⁸ UNkulunkulu abusise ngamunye wabancinyane benu, anikeze impilo ende ejabulisayo.

¹⁹ Kulobubusuku, kuyinkonzo yokuvala, ngilindele uvuthondaba olukhulu ezinkonzweni zokuphulukisa, kulobubusuku; ngikhulwa ukuthi lobu kuzoba ngobunye bobusuku bethu obukhulu kunabo bonke.

²⁰ Futhi manje, kulentambama, ngicabange ukuthi esikhundleni sokushumayela kini, ngingathanda ukuninika: *Ingxoxo Ebuthunyweni Benkolo*.

²¹ Ngicabanga ukuthi bathathe u—umnikelo kulentambama wezimishini zakwamanye amazwe. Ngithengiswe ngokuphelele ezimishini zakwamanye amazwe, ngiyakholelwa kukho ngenhliziyo yami yonke.

²² Manje, asazani kodwa njengomfowethu nodadewethu nje, futhi ngicabangile kulentambama, njengoba bengiza ngapha, ngokusobala, bengizoshumayela ngendaba ethi: *Ukoma Emfudlaneni Wamanzi*, kodwa mina, iNto ethize ivele yaguqula umqondo wami, futhi ngicabange ukuthi ngizokhuluma nani ngezimishini nalokho engikwaziyo, lokho nje esikubiza ngokuvulelana izifuba komunye nomunye ngezimishini zakwamanye amazwe. Ngaphambi kokuba senze lokhu, asicele nje uNkulunkulu ukuba abusise ukufundwa kweZwi laKhe manje.

²³ Nkosi Nkulunkulu, leli yiZwi laKho, lona ngabantu baKho. Manje Libusise ngenhloso yaLo ehlosiwe. Ngokuba Wena wathi, “Aliyikubuyela kiMi lilambatha, Liyofeza lokho Elalihloselwe khona.” EGameni leNkosi uJesu, siyazinikela, neZwi, kuWe. Amen.

²⁴ Isizathu esisodwa ukuthi iZwi nezimishini kuhlala njalo kuqinisile, ngifuna ukukufunda lapha eBhayibhelini, umyalo wokugcina iNkosi yethu eyawunikeza iBandla laYo, uMarku, isahluko 16, siqala evesini 15:

Wayesethi kubo, Hambani niye ezweni lonke, nishumayele ivangeli kukho konke okudaliweyo.

Okholwayo abhaphathizwe uyakusindiswa; kepha ongakholwayo uyakulahlwa.

Nalezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo; Ngegama lami bayakukhipha amademoni; bayakukhuluma ngezilimi ezintsha;

Uma bephatha izinyoka; uma beyakuphuza okubulalayo, akusoze kwabalimaza; bayakubeka izandla zabo phezu kwabagulayo, basinde.

Kanjalo...iNkosi isikhulumile kubo, yakhushulelwa ezulwini, yahlala ngakwesokunene sikaNkulunkulu.

Kepha bona bephuma, bashumayela ezindaweni zonke, iNkosi isebenza nabo,...iqinisa izwi ngezibonakaliso ezilandelayo. Amen.

²⁵ Lena ngenye yezindikimba ezigqame kakhulu zezithunywa zenkolo engathathwa. Niyazi, eZwini lethu umyalo wokuqala uNkulunkulu, noma, uKristu awunikeza iBandla laKhe kwakungukuthi, “Niphulukise abagulayo, nihlambulule abanochoko, nikhiphe amademoni, nivuse abafileyo: njengoba nemukele ngesihle, yiphani ngesihle.” UMathewu oNgcwele, isahluko 10.

²⁶ Umyalo wokugcina Awunika iBandla laKhe: “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Hambani niye eJerusalema, niye ezweni lonke, nishumayele iVangeli kukho konke okudaliweyo, umuntu omhlophe, umuntu

omnyama, umuntu onsundu, umuntu ophuzi, umuntu obomvu, kukho konke okudaliweyo.” *iVangeli* yi “zindaba ezinhle.”

²⁷ “Kukho konke okudaliweyo.” Kwakuzohlala isikhathi eside kangakanani na? “Kuze kube sekupheleni kwezwe. Hambani niye ezweni lonke, nishumayeke *iVangeli*.” Manje, yini *iVangeli* na? Igama *iVangeli* lisho ukuthi, “izindaba ezinhle.” Izindaba ezinhle yiBhayibheli, kodwa iBhayibheli liyincwadi. “Igama liyabulala, noMoya uyaphilisa.” Ngakho uPawulu wathi, “*iVangeli* alifiki ngeZwi kuphela, kodwa ngamandla nokubonakaliswa kukaMoya oNgcwele.” Manje qaphelani, indlela kuphela *iVangeli* elalingashunyayelwa ngayo ngaleyonkathi, kuyoba ngukubonakalisa amandla kaMoya oNgcwele.

²⁸ Manje-ke yini isicaphuno esilandelayo na? “Na,” isihlanganiso, “lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.” Hhayi ukuthi “Lezizibonakaliso zingabalandela, bezifanele zibalandele.” Kodwa, “Ziyakubalandela abakholwayo.” Bese-ke sikhuluma ngokuqinisa, umuntu angeke afaneleka yena uqobo njengekholwa kuze kube lokhu sekwenzekile. Akukho-bandla elingaba namalungelo okuzibiza ngebandla elikholwayo kuze kuba lezizibonakaliso sezibalandelile. Yilokho uJesu akusho. Kwenzani na? Kwenza iZwi libonakaliswe.

²⁹ Manje qaphelani, esikhathini esithile esedlule kwakukhona umfana osemncane, yena, watshela umama wakhe, wathi, “Mama, nginobizo enkonzweni.”

³⁰ Futhi njengoba noma yimuphi umama wangempela ebengaba njalo, wayejabule kakhulu, futhi wathi, “O, ndodana yami, uma ubizelwe enkonzweni, ngifisa ukwenza konke engingakwenza ukukwenza kube yimpumelelo!” Ngakho uqala ukubuka ngamaphephabhuku ezenkolo, waze wathola igama elikhulu kunawo onke kumaphephabhuku ezenkolo ayengalithola lekholoji eliwedlula onke ayengathumela indodana yakhe esencane kulo; leyo yinhlizyo kamama. Khona-ke ngenkathi enza lokho, wawasha phezu kwebhodi lokuwashela ukumthumela esikoleni.

³¹ Ngakho ngolunyusuku, ugula kakhulu ngomkhuhlane, kwasuka emkhuhlaneni kwaya kwinyumoniya, futhi omabili amaphaphu aba nokuminyana. Futhi wathumela ithelegamu endodaneni yakhe engumshumayeli iqhele ngamamayela ayizinkulungwane ezimbili, wayesethi, “Yima ngomumo, uma ngingengcono ekuseni, udokotela uthi ufanele uze ekhaya kanye uma ufisa ukubona umama wakho ephila.”

³² Ezansi le edolobheni, babenomhlangano omncane womkhuleko kwingaphambili elincane lesitolo, imishini encane, futhi lapho, ngenkathi besekulokhu ukushumayela okuncane kwemishini, abanye babo bathola isambulo esivela eNkosini

ukuthi kwakukhona owesifazane ogulayo. Inenekazi lenyuka, langqongqotha emnyango wakhe, futhi lathi, “Medemu, ngenkathi sisemhlanganweni womkhuleko, uMoya oNgcwele wasitshela ukuthi ukhona obegula enhla kulendlu, futhi ngiyazibuza, uma lokho kuyiqiniso, uma ubungaba nendaba uma umelusi wethu engeza, akukhulekele.”

Futhi wathi, “Lutho nhlobo, s’thandwa, udokotela uthi akukho asengakwenza.”

³³ Ngakho-ke bahamba futhi bathola umelusi futhi bamkhuphula, wagcoba owesifazane ngamafutha, futhi wafunda uJakobe 5:14, futhi wamgcoba ngamafutha, waseke eqeda ukufunda umBhalo wogcobo, waphendukela kuMarku 16, lapho engisanda kufunda khona, futhi wamfundela lokho, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakhulwayo; uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda.” Futhi lona, lowo othembekile, omncane, umshumayeli wemishini wabeka izandla zakhe phezu kowesifazane, futhi wayala isifo ukuba sisuke emzimbeni wakhe, ngenxa yokuthi uNkulunkulu wayenikeze umyalo. Futhi ngakusasa ekuseni, wayevukile epheka ukudla kwakhe kwasekuseni.

³⁴ Cishe sekungunyaka kamuva, indodana yakhe yafika ekhaya. Emva kokubingelela unina othandekayo, futhi yathi kumama, “Kubenento eyodwa ebisenhliziyweni yami, ngifuna ukukubuya okuthize: Ngenkathi ungithumelela leyothelegramu futhi wangitshela ukuthi, ‘Yima ngomumo,’ ukuthi wawuzobulawa yinyumoniya, uma ubungengcono ngokusa okulandelayo, futhi angikaze ngizwe ngawe cishe iviki, futhi ngathola incwadi ethandekayo ethi wawuphilile. Ngitshele, yimuphi nje umuthi udokotela akunika wona na?”

Wathi, “Ngani, akazange anginike lutho.” Wathi, “Wayezongifaka ngaphansi kwetende lomoya-mpilo, futhi ngenkathi ebuya ngokusa okulandelayo, iNkosi yayingiphulukisile.”

“O,” wathi, “Mama!”

Wathi, “Yebo.” Wathi, “S’thandwa, uyazi ezansi lapho ngasekhoneni lomhubhe, lapho leyomishini encane ikhona, encane, imishini yePentecostal na?”

Wathi, “Yebo.”

Wathi, “Benyukela lapha nendaba, futhi bangifundela eBhayibhelini, ukuthi—ukuthi abantu babefanele bakhulekele abagulayo futhi babeke izandla phezu kwabo, futhi babezosinda.” Futhi wathi, “Uyazi, lowomelusi wangikhulekela, futhi ngokusa okulandelayo ngaphulukiswa ngokuphelele.”

Futhi wathi, “Manje buka, Mama,” wathi, “lokho kuhle kabi,” wathi, “kodwa lokho bekungeke kukuphulukise,” Wathi, “UNkulunkulu akasaphulukisi kanjalo.”

“O,” wathi, “Ndodana, usuleyithi kakhulu ukungitshela lokho, Usevele ukwenzile.”

Futhi, “O,” wathi, “Mama,” wathi, “lokho—lokho kwakusezinsukwini ezedlula.”

“O,” wathi, “Ndodana, umelusi wangifundela omunye umBhalo eBhayibhelini!”

Wathi, “Mama, akafundanga yini kuMarku 16 na?”

Wathi, “Yebo, yilapho afunda khona.”

“O,” wathi, “Ngiyakutshela, Mama, ezansi ekholiji, safunda ukuthi uMarku 16, kusukela evesini 9 kuqhubeke akaphefumulelwe.”

Umama wathi, “Awu, haleluya!”

“O,” wathi, “Mama, usuqala ukuziphathisa okwalesosigejane semishini!” Wathi, “A—awufanele uziphathe kanjalo.”

Wathi, “Awu, S’thandwa, bengicabanga ngento ethize nje.” Wathi, “Uqonde ukungitshela ukuthi umBhalo kuMarku 16 kusukela evesini 9 kuqhubeke awuphefumulelwe na?”

Wathi, “Kunjalo.”

Wathi, “Awu, udumo kuNkulunkulu!”

Wathi, “Mama, yin’indaba ngawe na?”

Wathi, “Bengicabanga nje, uma uNkulunkulu ubengangiphulukisa ngomBhalo ongaphefumulelwe, Ubengenzani ngalowo ngempela owawuphefumulelwe na?”

³⁵ O, kufanele kube ludumo! Kodwa Liphefumulelwe lonke, kungukuthi nje siyesaba ukubeka ukukholwa kwethu phandle lapho ukuhlangabezana nenselelo kaNkulunkulu, yilokho kuphela. Futhi kulokhu, lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo kuze kube sekupheleni kwezwe, hhayi nje okwabaphostoli, kodwa kuze kube sekupheleni kwezwe. Futhi inqobo nje uma kusekhona izwe, nabantu okuzoshunyayelwa kubo, lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.

³⁶ Esikhathini esingeside esedlule, kumngani ohlezi lapha, ongumngane walendoda, futhi igama lakhe nguParis Reidhead, kungenzeka ukuthi usesakhiweni kulentambama, ufike endlini yami, futhi ubefuna ukungibuza ngalokhu. Uma noma ubani emazi, mhlawumbe abaningi benu bayamazi uParis Reidhead, umongameli weSudan Mission enkulu, enye yezimishini ezinkulu kunazo zonke emhlabeni. Futhi wathi, “Mnu. Branham,” wathi, “nganginobizo lukaNkulunkulu ngenkathi ngisengumfanyana nje.” Wathi, “Owami othembekile, umama omdala wangifaka esikoleni,” wayesethi, “ukwenza umshumayeli obedlula bonke uNkulunkulu abengaba naye.”

³⁷ Futhi wathi, “Ngenkathi ngithola isiqu sami sobudokotela, ngacabanga ukuthi ngangizothola uKristu,” wathi,

“Angizange.” Wathi, “Ngenkathi ngithola iziqu zami zebhashela, ngacabanga ukuthi ngangizothola uKristu, kuqhubeke futhi kuqhubeke,” wathi, “kuze kube, Mshumayeli, ngineziqu ezenele ukuplastela udonga lwakho.” Wathi, “Futhi uphi uKristu kukho konke okwakho na?” Ngathi... Wathi, “Ngabe othisha bebenephutha na?”

Ngathi, “Bengingeke ngifune ukusho ukuthi bebenephutha, lezoziqu zilungile, kodwa lokho kusalokhu kungesuye uKristu, kuyisiqu nje.”

³⁸ Futhi wangitshela ngendaba yomfana oyiNdiya owayengapha enzela imfundo yakhe, endleleni yakhe ebuyayo wahlangana noMnu. Reidhead lapho ephuma. Wathi, “Manje, unemfundo yakho, ndodana, usendleleni yakho ubuyela ezweni lakho lendabuko, ukuya eNdiya, ukuba ube yisisebenzi.” Wathi, “Ngiyaqonda ukuthi ungokaMohamede.”

Wathi, “Nginguye.”

Wathi, “Pho awumyeke ngani lowo omdala, umprofethi ofile, futhi uthathe uJesu ophilayo ubuyele naye, Lowo ovukile kwabafileyo na?”

³⁹ Nalomfana oyiNdiya wayekhaliphe kancane nje kunokuba uMfowethu Reidhead wayemlindele ukuba abe njalo, wathi wakhahlela unyawo lwakhe emhlabathini umzuzwana, wayesethi, “Mnumzane,” (Lalelani manje!) “uJesu wakho ubengangenzelani, ngaphezu kwalokho umprofethi wami angakwenza na?” Wathi, “Bobabili babhala izincwadi, ubiza eyakho iBhayibheli, sibiza eyethu ngeKoran, bobabili benza izithembiso, futhi siyasikholwa lesosithembiso,” wathi, “nokho, uMohamede wethembisa kuphela ukuphila emva kokufa, ngiyakukholwa; uJesu wethembisa ukuphila emva kokufa, uyakukholwa.” Ngakho wathi, “Yini umehluko kubo na?”

⁴⁰ Manje, ungalokothi ucabange ukuthi ngoba ungaphikisana neMethodisti noma iBaptisti, ngenkolo yabo, noma amaPentecostal, noma amaNazarene! Kodwa awuzange ushaye leyonsimu yangaphandle ngaleya, bazi kakhulu ngalokho abakhuluma ngakho. Unga... Awucabangi ukuthi inyanga-mthakathi izokuphosela inselelo na? Kuzame kanye nje, kungcono wazi ukuthi ukhuluma ngani, futhi. Bangenza amaqhinga amaningi kakhulu nezimanga, kuyokwenza ikhanda lakho libhukude.

⁴¹ Futhi lendoda yathi, “Awu manje, awume umzuzwana nje.” Wathi, “Umprofethi wakho ufile futhi usethuneni, kodwa uJesu wethu uvukile kwabafileyo.”

Wathi, “Mnu. Reidhead, yilokho okukholwayo,” wathi, “kodwa asikukholwa.” Wathi, “Sikholwa ukuthi uJesu wakho ufile nje njengomprofethi wethu.”

Futhi wathi, “Kodwa sinobufakazi bokuvuka kwaKhe,” kwasho uMnu. Reidhead.

Wathi, “Awu, yini ubufakazi bakho na?”

Wathi, “Uyaphila!”

Wathi, “Ukuphi na?”

Wathi, “Enhliziyweni yami.”

Futhi okaMohamede wathi, “Futhi uMohamede usenhliziyweni yami, kakhulu njengoba nje uJesu enjalo kweyakho.”

Wathi, “Kodwa, uyabo, mnumzane,” wathi, “sinokuthokoza nenjabulo ngokukwazi.”

Wathi, “Manje, umzuzwana nje, Mnu. Reidhead, Inkolo kaMohamede ingaveza nje impela isayense ephathelene nokusebenza kwengqondo njengoba ubuKristu bungenza.”

UMfowethu Reidhead wathi wayazi ukuthi wayengahlangananga nendoda yobusuku obubodwa, yayazi ukuthi yayikhuluma ngani.

⁴² Wathi, “Futhi ngaphandle kwalokho, Mnu. Reidhead, uMohamede wethu akazange athembise neyodwa into kodwa ukuphila emva kokufa, uJesu wakho wethembisa ukuthi othisha bakho bayokwenza izibonakaliso ezifanayo Azenza, futhi wethembisa ukuthi uma Evukile kwabafuleyo, Uyoba nani, ehlala nani, enza izinto ezifanayo Azenza.” Wathi, “Silindele ukubona lokho kwenzeka, sizokholwa ukuthi Wavuka kwabafuleyo khona-ke.”

⁴³ Bazi kakhulu ngakho kunamapesente angamashumi ayisishiyagalolunye amaKristu eMelika aziyo. Niyabo? Lapho uhamba... Yingakho ngithathe lentambama ngalokhu. Lapho uzokhuluma amaqiniso, akusikho ukugxuma phansi naphezulu nokugijima. Ngani, ngibabonile abakaMohamede, emkhosini wabaprofethi, bathathe umkhonto bese bewugijimisa esilevini sabo phezulu ekhaleni labo, bememeza, “Ala, Ala, Ala,” bawudonse bawukhiphe, futhi lutho ngisho ukumunceka i... hhayi icons legazi liwa kukho. Ngibabonile behlezi kwiphansi lendlu, futhi beshwibeka emuva naphambili, bememeza, “Ala, Ala, Ala,” futhi basukume, futhi bathathe izingcezu ezihlabayo bese bezifaka ngaphansi kweminwe yabo, futhi babuye bazidonse ziphume, futhi bangahwaqabali ngisho.

⁴⁴ Ngibone oyedwa eSwitzerland, eZurich, eSwitzerland, eba nokuphithizela okukhulu, waze wathatha inkemba, futhi wayibeka *lapha*, futhi wayigijimisa yadabula futhi yaphuma ngemuva. Udokotela wakungabaza, wayemphosele inselelo ukuba eze emsamo, wathi, “Inkemba yayiyigobongo.” Wathela amanzi *kulokhu* ukuphela, futhi wathulula ngemuva kwakhe. Wayidonsa, wahleka wase ehamba. Kukuphi, igazi

lakho lisesimweni *esinjalo*, isayense ephathelene nokusebenza kwengqondo enje pho!

⁴⁵ Kodwa wathi, “UJesu wakho wathi, ‘Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza.’”

Futhi uMnu. Reidhead wathi, “Cishe kade ufunda uMarku 16.”

Wathi, “Leyo yindawo eyodwa.”

Wathi, “Awu, uMarku 16 akaphefumulelwe wonke.”

⁴⁶ Wathi, “Hlobo luni lwencwadi olufundayo na?” Wathi, “Yonke iKoran iphefumulelwe. Futhi kuyangigulisa,” washo, “ukuzwa nina bantu enizibiza ngomKristu, nithi, ‘*Leli gama lisho lokhu, nalelu lisho lokhu.*’ Awazi ngisho nokuthi yini oyikholwayo.” Ngabe wayeqinisile noma wayenephutha na? Impela wayeqinisile. Wathi, “Awu... Uthatha ingxenye yakho, ukwenza nje kufanelane nezimfundiso zakho uqobo.” Umhedeni, esho kumKristu. Futhi wathi, “Lapho nina maKristu nifika endaweni lapho esibona khona uKristu ephila kini, khona-ke sizokholwa ukuthi Wavuka kwabafileyo.”

⁴⁷ UMnu. Reidhead wathi, “Ngakhahlela uthuli ngase ngishintsha indaba.” Kwakuyini na? UmKristu ohluliwe. Wathi, “Mfowethu Branham, ngilapha namhlanje ukuba ngibuze lokhu:” wathi, “Ngiwabonile amaPentecostal ekhahlela izihlalo phandle kwiphansi lendlu, futhi ephula ifenisha,” wathi, “kodwa ngabe kukhona abanakho na?” UReidhead uyiBaptisti njengami.

Ngathi, “Yebo, Mfowethu Reidhead, banakho.”

Wathi, “Ngabe banawo uMoya oNgewele na?”

Ngathi, “Yebo, mnumzane.”

Wathi, “Awu, thina maBaptisti sinawo, nathi.”

Ngathi, “Uma ubunawo, uwuthole *emva* kokuba usukholiwe, hhayi lapho ukholwa.” Bakholwa ukuthi uwuthola lapho ukholwa.

⁴⁸ UPawulu wathi eZenzweni 19, “Namamukela yini uMoya oNgewele, *lokhu* nakholwayo na?”

⁴⁹ Ngathi, “Ngingamela umlilo omncane wequbula nokukhahlela ifenisha ngale, ngaphambi kokuba ngihlale endlini yokukhonzela endala ebanda kakhulu izinga lokushisa lokomoya lihambe libe ngamashumi amane ngaphansi kwezinga-qhwa. Ngingaqoka ukuba nomlilo wequbula omncane, kunokuba ngingabi namlilo nhlobo.”

⁵⁰ Futhi thina maBaptisti sidweba umlilo kuphela. Bekuyosiza ngani ukutshela indoda ebulawa amakhaza, “Niyabo, leso esikhulu, isithombe esihle na? Lowo kwakungumlilo omkhulu wavutha eminyakeni eyizinkulungwane ezimbili edlule, hamba uzifudumeze ngawo.” Umlilo openidiwe ngeke ufudumalise!

Esikudingayo yisehlakalo sikaMoya oNgcwele ofanayo noMlilo ofudumeza inhliziyiyo, futhi wenze iZwi, khona-ke wenza izinto, ngoba lowoMoya ofanayo uyaphila namhlanje kuwo onke amandla aWo nokugcoba Owake waba nakho.

⁵¹ Lapho senze khona iphutha elibulalayo akusikho ukulandela lomyalo: “Hambani niye ezweni lonke, nishumayele iVangeli, noma nibonakalise amandla kaMoya oNgcwele kuzo zonke izizwe nabo bonke abantu.” Senzeni na? Sihambile futhi sakha izikole, sahlela abantu ndawonye, sabenza, “Awu, abakholwa njengoba sikhola nje, ungazihlanganisi nabo. Ungahambi uzungeze amabandla abo.”

⁵² Sibe nezikole ezinkulu, sizamile ukufundisa abantu kukho. Awusoze wasondela kakhulu kuKristu ngemfundo, uma noma yini, uyoqhela kakhulu kuYe. Angikusho lokhu, ngisendlini yesikole, kodwa ngiyakuthakasela ukuba lapha, futhi angizami ukusebenzisa izinduku zokuqhugela ukwesekela ukungazi kwami, kodwa isikweletu esikhulu kunazo zonke iNkosi uJesu Kristu eyake yaba naso emhlabeni, kwakungesiwo amajoyinti ogweva, kwakuyizikole. Lokho kul’khuni ukukusho, kodwa hlola umlando futhi uthole ukuthi lokho akusilo yini iqiniso.

⁵³ Ukapteni Al Farrar, inhloko ye-FBI, wangibizela endaweni yakhe, wayeyiBaptisti, wayesethi, “Mfowethu Branham, ngiyiBaptisti, kodwa anginakho okhuluma ngakho.” Sasisezansi endaweni yakhe yokudubulela. Wathi, “Ngiyayithokozela inkulumo yakho.” Ngenza okufanayo... ukuphawula okufanayo.”

⁵⁴ Wangithatha wangingenisa ehhovisi lakhe ukukhombisa lapho bonke ubuhlongandlebe bentsha babukhona e-United States. Sawatholaphi, amahlongandlebe amaningi kakhulu, lapho izigebengu zivela khona na? Hhayi ezansi kubantu abampofu, kodwa kwabahlakaniphile nabafundile. Bacabanga ukuthi bazi kakhulu kunoNkulunkulu. Lapho ufika kuleyondawo, ulahlekile! UNkulunkulu akaveli emfundweni, uNkulunkulu uvela e—ekwemukeleni uMgomo, leyo yiNdodana yaKhe, uKristu Jesu, nokuzalwa ngokusha.

⁵⁵ UMoya wokuPhila okuPhakade ungena kumuntu, hhayi ngokumfundisa, kodwa ngaye emukela iNkosi uJesu njengoMsindisi wakhe siqu. Kodwa sihambile futhi sazama ukufundisa abantu kukho, sizamile ukukunyakazisa kubo e-altare, thina maHoliness namaPentecostal, sizamile ukukubhaphathiza ngezindlela ezehlukene, ngokufafaza, ukuthela, phansi-phezulu, uYise, iNdodana, noMoya oNgcwele, iGama likaJesu, zonke lezi ezinye izinto ezehlukene, kodwa akufiki ngaleyondlela, kuyisehlakalo somuntu siqu kumuntu ngamunye ukufakazisa amandla okuvuka kweNdodana kaNkulunkulu, uJesu Kristu, enhliziyweni yakho. Kunjalo impela. Yilapho esehluleka khona.

⁵⁶ LeliNdiya lathi kuMorris Reidhead, noma, kuParis Reidhead, lathi, “Mnumzane, ube neminyaka eyizinkulungwane ezimbili ukufakazisa ukuthi uJesu wavuka kwabafileyo,” futhi lathi, “okubili kokuthathu kwezwe akukaze kulizwe igama lakhe.”

⁵⁷ Futhi nakhu siyaphikisana, “Ngani, siyiPresbyterian. SiyiBaptisti. SiyiPentecostal. SiyiNazarene.” Nimi lapha niphikisana, nalabo abancane, abafana abamnyama e-Afrika befela ukuzwa indaba kanye, noma yiluphi uhlobo. O, kuvuthisa inhliziyi yakho!

⁵⁸ Umuntu akasoze aye emasimini ezimishini futhi abuye futhi abe yindoda efanayo. Ngenkathi ngiya lapho, ngacabanga, “Awu, ngizovele ngiye ngapha futhi ezinye zezilwane, kodwa ngenkathi ngibona imiphefumulo yabantu, abancane, abafana abamnyama bengcolile nje, futhi bengakaze bageze empilweni yabo, badumele ucezu oludala lwenyama, izimpethu kulo lonke, nje bayidle ngokufanayo nje, nabo belele lapho, benqunu!

⁵⁹ Ngifuna ukusho lokhu ngezinhlonipho kinina besifazane nani besilisa: Kodwa ngenkathi labobahedeni bengena emhlanganweni ngamashumi ezinkulungwane eziphindwe kazinkulungwane, behamba-ze nje njengoba beza kulomhlaba, lutho kodwa indwangu encane elenga phambi kwabo, cishe isithupha, isikwele esingamayintshi ayisishiyagalombili, nampo labo besifazane abangazi lutho, babengazi ukuthi yisiphi isandla sokudla nesokunxele, nodaka ezinweleni zabo, namathambo ezindlebeni zabo, futhi ngenkathi sebone amandla okuvuka kukaJesu, ngenkathi labo besifazane behamba besuka lapho, amantombazane amancane nabesifazane abadala, akekho owabatshela ukuba bagqoke izingubo, basonga izingalo zabo *kanje* ukuba baphume ebukhoni ebasilisa. Futhi singakwenzeka kanjani thina, esinesitashi, amaMelika anezintamo ezilukhuni, sizibize ngamaKristu, futhi minyaka yonke sikhumula izingubo eziningi na? Lapho umhedeni emukela uKristu, uyagqoka futhi agqoke izingubo. Kwenzekeni na?

⁶⁰ Amanenekazi amancane emi lapho, nje ekupheleleni kobusha bempilo, ehambaze, ayengakwazi, lokho kwakungewona amahloni kubo kunokubuka izandla zakho, abasha abaneshumi nesithupha, ishumi nesishiyagalombili, amantombazane anamashumi amabili eminyaka ubudala, omama nezingane zabo, zincela. Futhi kungesiwo amafidi angamashumi amabili ukusuka lapho engangihlezi khona, umama ezala ingane ngenkathi ngisakhuluma, elinye inenekazi lavele lamlekelela, lavele laqukula ingane futhi laqala ukuncelisa ingane, laqhubeka nokungilalela ngishumayela. Nalawomanenekazi asemancane emi lapho, abesifazane ababumbeke ngokugcwele futhi bekhulile, futhi ngenkathi uMoya oNgcwele efika, kwathi nje Ungabashaya, bazimboza ngezingalo zabo; uMoya oNgcwele uletha ukuqonda kobunqunu.

⁶¹ Bese kuthi-ke nina bantu nizibiza, ngisho nePentecost, nani besifazane, ebenifanele nazi kangcono, uyazihlubula wena uqobo kulamasudu okubhukuda, nezikhindi ezindadlana phandle lapha egcekeni elingemuva, ubufanele ube namahloni ngawe uqobo! Kunjalo impela. Impucuko, ishwibekela emuva.

⁶² Futhi bazalwane nodadewethu, angikusho lokho ukuba—ukuba ngibe luhlaza, noma ngedelele, njalo, ngisho lokho ngoba kuyiqiniso leVangeli. Abantu lapho ovumayo, bese-ke sibeka imizamo yethu lapha ezifundazweni.

⁶³ Emsamo ngaleyontambama eThekwini, lapho engizobuyela khona futhi ezinsukwini ezimbalwa, ngombono, futhi lapho labobantu... ayikho indlela yokukhipha amakhadi omkhuleko. UBilly walahlekelwa ibhantshi lakhe, nezicathulo, nakho konke ezama ukunikeza amakhadi omkhuleko, yena namadoda athi awabe mabili. Ngathi, “Thatha nje izithunywa zenkolo futhi uthole cishe ezine noma ezinhlanu esizweni ngasinye.

⁶⁴ Kwakukhona izilwimi ezehlukene eziyishumi nanhlanu. Manje, ungacabanga, uzama ukushumayela, lapho ngiyothi, “UJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu,” lona uyothi, “*Kwanki*” emphinjeni wakhe, “*Kwanki, kwanki, kwanki, kwanki*.” Lokho kwakuchaza ukuthi, “UJesu Kristu iNdodana kaNkulunkulu.” Omunye enze uhlobo oluthile lwekhwese oluzwakala njengenyoni, lokho kwakuchaza ukuthi, “UJesu Kristu iNdodana kaNkulunkulu.” Umhumushi olandelayo, mhlawumbe ubeyokwenza, enze uhlobo oluthile lokutshiyozwa ngomphimbo wakhe noma ulimi lwakhe.

⁶⁵ Niyazi, ngibezwile abantu bekhuluma ngezilimi emihlanganweni yamaPentecostal, engifuna nazi, ngiyakukholwa, kodwa abantu usisebenzise ngokungesikho lesosiphiwo, impela, asikabekwa endaweni efanele. Ngikholwa ukuthi sonke isiphiwo uNkulunkulu asinikezayo siseBandleni, kodwa singeke sahamba ngokungalawuleki nje kokukodwa, kuningi. Futhi ngangivame ukucabanga, omunye wayezwakala ehluke kakhulu komunye, kwakungenzeka kanjani konke kufane na? Kodwa iBhayibheli lathi akukho-msindo, kodwa onokubaluleka kolunye uhlobo, ngakukholwa ngenkathi ngizwa lokho. Zonke izinhlobo ezehlukene zokuncenceza, futhi konke kwakho kwakunencazelo kukho, wonke umsindo unencazelo kuwo.

⁶⁶ Ngalolosuku emsamo, odokotela abaningi wayekhona, ikhulu namashumi amahlanu, abantu abayizinkulungwane ezingamakhulu amabili babuthana enkundleni yomjaho, futhi owokuqala okhuphukayo kwakungowesifazane kaMohamede, futhi ngathi kuye, “Kungani uze kimi, uma ungokaMohamede na?” Wayenechashaza lakhe elibomvu njengonegazi elimsulwa.

Ngathi, “Kungani, uze kimi na?”

Wathi, “Ngikholwa ukuthi ubungangisiza.”

Ngathi, “Awuyanga ngani kumpristi wakho na?”

Wathi, “Ngikholwa ukuthi ubungangisiza.”

“O,” ngathi, “Angikwazi, kodwa uma iNkosi uNkulunkulu, Owavusa iNdodana yaKhe kwabafileyo . . .”

Wathi, “Ngiyakholelwa eNkosini uNkulunkulu.” Impela, uyakholelwa, bangabakwa-Ishmayeli, niyazi. Wathi, “Ngiyakholelwa eNkosini uNkulunkulu uJehova, kodwa,” wathi, “siyafundiswa ukuthi uMohamede ungumprofethi waKhe.”

Ngathi, “UJesu uyiNdodana yaKhe, noMohamede usethuneni, kodwa uJesu uvukile ethuneni, futhi Wethembisa umsebenzi ofanayo Awenza, ukuthi siyowenza nathi.”

Wathi, “Uma lokho kufezeka,” ekhuluma ngomhumushi, “khona-ke ngizomemukela uJesu njengoMsindisi wami.”

⁶⁷ Kuyini na? Yilokho iNkosi yethu ebikhuluma ngakho lapha: “Hambani niye ezweni lonke, futhi nibonakalise ukuvuka, amandla kaMoya oNgewe.”

⁶⁸ Wathi, “Ngizokukholwa lokho.”

Ngathi, “Owakho—owakho, nenekazi, umyeni wakho ungumfo omncane, unamadevu amnyama. Wayesehhovisi likadokotela, udokotela kaMohamede, ngeviki eledlule wakutshela ukuthi wawunesikhwanyana esinobomvu esizalweni.

Wakusho ngokushesha, nomhumushi wathi, “Lonke izwi liyiqiniso.”

Izinkulungwane zabakaMohamede zasukuma ukuba zibuke, futhi emizuzwaneni embalwa nje wathi, “Khona-ke ngizomemukela uJesu njengoMsindisi wami noMphulukisi.”

⁶⁹ Ngenkathi ngikhuluma nezithunywa zenkolo, esasikade siphakathi kwezizwe zabo iminyaka engamashumi amathathu futhi ukhuluma ngomphefumulo owodwa oyigugu abawuphendula usuka kokaMohamede uya ebuKristwini. Mfowethu, awusoze wakwenza ngokudlulisa izincwajana, uzofanele ulandele iziyalo zikaNkulunkulu.

⁷⁰ Nangu umfana oyiBhunu, ehlezi khona lapha, engibuka ebusweni. Esikubiza *ngezithunywa zenkolo* ngukubona okugulisayo. Welela lapho ulindele ukuba nendlela yezinyawo egandayiwe ndawondawo, utholani na? Uhlala emahhotela amahle kunawo onke, neCadillac efakwe isishayisamoya, uphume uye enkomponi ukuyonikezela izincwajana. Esikudingayo ngezinye izithunywa zenkolo ezigcwaliswe ngoMoya oNgewe ezingathunyelwanga zivela kwelinye ibandla noma ihlelo, kodwa zivela eZulwini emandleni eNkosi uJesu Kristu. Kunjalo impela.

⁷¹ Olandelayo oza emsamo kwakungomncane, owesifazane omhlophe, wayekwazi ukukhuluma isiNgisi, wayeyiBhunu. Futhi Wamtshelela, wathi, “Nenekazi,” wamtshelela ukuthi isifo sakhe sasiyini, kodwa wathi, “lungela ukufa, awuzukuphila kodwa kancanyana.”

Wathi, “Usho ukuthi lelothumba elincane ebeleni lami lizongibulala na?”

Ngathi, “Ngeke ngasho. Ngibone inkonzo yakho yomngcwabo khona manje, futhi ISHO KANJE INKOSI, ukufa sekuseduze.”

⁷² Wahamba esuka emsamo, wabuyela emuva, futhi wayekhuluma nomyeni wakhe, futhi wawa wafa khona ngqo lapho ayehlezi khona. Ukuba ngangikade ngingumphulukisi, ngangiyomphulukisa, kodwa munye kuphela uMphulukisi, lowo nguNkulunkulu.

⁷³ Olandelayo ofikayo kwakungukubonakala okudabukisayo, omncane, umfana omnyama, wayengumZulu. Manje, ngifuna ukunithshela, bantwana abancane okuthize, nina mantombazane amancane, niyazi ukuthi bawathola kanjani amanzi okuphuza na? Qalaza macala onke ukubona ukuthi zingaki izingwenya ebabukayo, bese-ke efinyelela phansi. Ngenkathi ngiselapho, ingwenya yathola intombazanyana, amanzi amancane nje anegazi, yasho yehla, futhi kwaba yilokho kuphela. Umfo omncane wayethola ukuphuza, ingwenya yambamba ngonyawo, futhi wagijima waphuma, wagijimela emuva lapho wayesethatha induku wayeseshaya ingwenya yahamba, wayesegijimela osebeni, ingwenya iyafika futhi yase ibamba umfo omncane yase imbuyisela emanzini, nomlenze owodwa kuphela okhishwe kuye, yambuyisela emuva futhi yamngcwaba, waze wathamba osebeni ndawondawo yase-ke imudla.

⁷⁴ Nikeza oyedwa u-ayisikhilimu omncane, wawuwisa ngokushesha, wathi, “Ungishisile!” Lowo omncane, umfo omnyama unelungelo nje lokudla, agqoke izingubo, njengoba kwenza umntwana wami noma umntwana wakho. Sihhala okwanele emigqonyeni kadoti yethu ukubondla. Akumangalisi ubukhomanisi buthatha izwe, yindlela esibaphathe ngayo. Kunjalo impela. Lokho akusiyo ingxanye eNdiya.

⁷⁵ Nomfo omncane wayenezinxemu ngokwesabekayo, lolu kwakuludaba lwesine, wayenezinxemu ngokwesabekayo, ngase ngithi, “Manje, ukuphulukisa umfana omncane, ngingekwazi, kodwa kuyoba ngokukholwa kwakhe uqobo kuNkulunkulu okuzomphulukisa. Kodwa manje impilo yakhe encane ibingeke ifihlwe.”

⁷⁶ Ngaleyonkathi nje uMoya oNgcwele wafika, ngathi, “Lomfana uphuma ekhaya lamaKristu, ngoba eqhugwaneni lakhe elincane nophahla olufulelwe ngotshani, ngibona isithombe seNkosi yami silenga odongeni.” Ngathi, “Unina

ungowesifazane ozacile.” AmaZulu angabantu abakhulu, abanamandla. Ngase ngithi, “Uyise uyinsizwa, nokho unamandla, kodwa bangamaKristu.” Futhi emuva le, cishe ibanga lendlu yasedolobheni, umama nobaba basukuma kwathi nje umhumushi wamaZulu angafika kubo, lokho kwakuyiqiniso.

⁷⁷ Ngathi, “Kodwa manje, ukumphulukisa ngingemphulukise.” Qaphelani, lapho nje ngibuka, amehlo akhe amancane ayephelele nje njengawami noma awakho. Ngaphinda ngabheka, ngase ngithi, “Noma ubani angambona umfana omncane, uphulukisiwe lapho ehlezi khona.” Ngamedlulisa emsamo.

⁷⁸ Ngezwa ukuqophisana okukhulu emuva lapho ngemuva, kwakukhona udokotela waseBrithani lapho, noMfowethu Bosworth nabo wayezama ukumsusa emsamo, wathi, “Ungeke wenyukela lapho manje, umfowethu ungaphansi kogcobo.”

Wathi, “Kodwa ngifuna ukukhuluma naye.”

Ngaphenduka, ngathi, “Dokotela, yini indaba na?” UMfowethu Bosworth wamdedela, uMfowethu Baxter.

⁷⁹ Wenyukela emsamo, wathi, “Ngifuna ukukubuza okuthize, Mnu. Branham.” Wathi, “Ngiyakholelwa kuNkulunkulu, ngikholwa ukuthi uNkulunkulu ukuleminduze.” Futhi bodadewethu, nikhuluma ngeminduze na? Benifanele niyibone. Eminye yayo ingamayintshi ayishumi nesishiyagalombili ukuvundla, iminduze yasemanzini emikhulu, ephuzi nemhlophe. Umsamo wawuhlotshiswe kakhulu ngaleyominduze emikhulu. Wathi, “Kukhona uNkulunkulu wokuphila kuleyominduze, kungenjalo ibingeke iphile.” Wathi, “Kodwa, Mnu. Branham, wenzeni kulowomntwana na?”

Ngathi, “Angizange ngenze lutho! Ubusondele kakhulu kuye kunoma benginjalo, ubengakabi semafidini ayishumi ami okwamanje.”

Wathi, “Ngabe umthwebulile lowomfana na?”

Ngathi, “Dokotela, futhi iNhlango yezoKwelapha yaseBrithani ikunika ilayisense ukuba usebenzise umuthi, futhi ungazi lutho ngokuthwebula kunalokho na? Uma ukuthwebula kuzoqondisa amehlo alowomfana, khona-ke nonke kungcono nisebenzise ukuthwebula.”

Wathi, “Kwenzeni na?”

UMfowethu Baxter wambamba ngehlombe, ngathi, “Umzuzu nje.”

⁸⁰ Wathi, “Mnu. Branham, ngikholwa ukuthi kukhona uNkulunkulu, kodwa ngabe Ubambeka ngokwenele ukwenza lawomehlo amancane abafana avuleke na? Ngimbeke emsamo.”

“Awu,” ngathi, “Usesandleni sakho manje.”

Wathi, “Ubenezinxemu ngokwesabekayo lapho, futhi useyabona, kukhona okwenzekile phakathi kwalapho nalapha.” Ngi. . . Wathi, “Bekuyini na?”

⁸¹ Ngathi, “Phakathi kwami naye kume uMoya oNgcwele, noMoya oNgcwele uqondise amehlo akhe.” Wanwaya ikhanda lakhe. Ngathi, “Manje, uma ufuna ukungikholwa, kulungile; uma ungakwenzi, lokho kukuwe.” Ngaqala ngaqhubeka.

⁸² Wathi, “Umzuzu nje, Mnu. Branham,” kwakukhona imayikhi enkulu eqhaselwe lapha eyayishwibeka ezansi ngomzila womjaho, wenyukela lapho, wathi, “khona-ke ngemukela lowoJesu njengoMsindisi oqondene nami.”

⁸³ Futhi ngenkathi ngihlangana naye eGoli cishe emavikini ayisithupha kamuva, phandle ebaleni lapho abantu abayizinkulungwane ezingamashumi amathathu baphuma ukuba bangivalelise, lowodokotela osemncane washo wangigaxa, wathi, “Mfowethu Branham, uNkulunkulu unginike ubizo emasimini ezimishini.” Futhi uqala ukukhuluma ngezinye izilimi ngenkathi engigaxile, udokotela waseBrithani, impela, ekhuluma ngezilimi. Wayengazi ukuthi wayezokwenza, wavele wangigaxa nje.

Futhi wathi, “Nkulunkulu wami, kwenzekeni kimi na?”

Ngathi, “Manje uNkulunkulu ukwenze wafaneleka ukuba uhambe. Hamba!”

⁸⁴ Ngaleyontambama, nakho kufika umfana, uBilly Paul, indodana yami, nabo basiza ukumholela emsamo neketango entanyeni yakhe, engaphilile ngisho nangokwengqondo. Ngathi, “Buka lesosidalwa esimpofu, kusobala, ukuba ngangingamsiza, bengiyokwenza, angikwazi ukukwenza. Kodwa ukuphila kwakhe ngeke kwafihlwa, ngoba iNgelosi yeNkosi iseduze.”

⁸⁵ Futhi ngenkathi Iqala ukusho ngesimo sakhe, ngathi, “Manje lapha, into eyodwa isemqondweni wakhe, ukhathazeke ngomfowabo, unomfowabo owalimazwa phakathi kokuthi yimbuzi epuzi nomainja. Wayegibele eyakhe. . . kwamkhubaza imilenzeni yakhe, unezinduku ezimbili ekhwapheni lakhe, uhamba ngezinduku zokuqhugela, kodwa,” ngathi, “ISHO KANJE INKOSI: Ngiyabona umfowabo uphulukisiwe.”

⁸⁶ Futhi ngezwa ukumemeza ezansi le ebangeni lendlu yasedolobheni noma ngaphezulu, futhi nakhu kufika umfowabo nezinduku phezu kwekhanda lakhe, ememeza ngephimbo lakhe lonke, uNkulunkulu wayemphulukilise ibanga lendlu yasedolobheni. Lelo yiVangeli uJesu ayekhuluma ngalo.

⁸⁷ Futhi ngabuka ngase ngiyibona indoda, ngaqaphela futhi, ngangizoyikhulekela, ngiyidlulise, ngaqaphela into ethize efana nethunzi eliluhlaza okwesibhakabhaka ngaphezu kwayo, ngangilokhu ngilibuka, futhi emva kwesikhashana ngayibona imi lapho, ikhanda layo emuva, imi iqondile. Yisifo esingena

emgogodleni wabo. Tommy, uyazi ukuthi bakubiza ngokuthini lokho na? Sibenza bathi ukuhamba ngezandla zabo nezinyawo. Futhi nga—ngangingazi noma samkhubaza yini. Futhi, o, kwakukubi kakhulu, emi lapho cishe enqunu, kodwa ngibonile nje ngenhla kwakhe, ukuthi waphulukiswa.

⁸⁸ Ngathi, “Nkosi Nkulunkulu, leli yihora.”

⁸⁹ Ngama umzuzu, ngathi, “Bangaki kini bantu lapha abazokhonza iNkosi uNkulunkulu uma Izopha lendoda isimo sayo esikahle na?” Kude njengoba wawungabona izandla zaziphakeme, ezimnyama, ezimhlophe, eziphuze, ezinsundu.

⁹⁰ Futhi ngenkathi sikhulekela umfana, akakwazanga ukungiqonda, wacabanga ukuthi ngangifuna enze umdanso njengoba enzela izithunywa zenkolo lapho zingena, niyazi, ehlekisa, edansa, bonke bafuna ukwenza omncane, umdanso wempi. Futhi ngamthatha ngeketango ngase ngimphakamisa, noNkulunkulu waseZulwini wambuyisela emuva kabusha. Wama lapho, nezinyembezi zehla ezihlathini zakhe futhi zishaya esiswini sakhe esimnyama. Akusikho kuphela ukuthi waphulukiswa, kodwa wayesesindile engqondweni yakhe. Nabahedeni abambethe izingubo zokulala abayizinkulungwane ezingamashumi amathathu bephula izithixo zabo emhlabathini, futhi bemukela uJesu Kristu njengoMsindisi oqondene nabo ngesikhathi esisodwa.

⁹¹ Iminyaka engamashumi amabili noma amashumi amathathu yomphefumulo owodwa! Ihora selifikile lapho uNkulunkulu ethumela abantu baKhe emasimini, ihora selifikile lapho uKristu embulwa khona.

⁹² Bengisendleleni yami ngehla, enye nje futhi indaba encane lapha, isenhliziyweni yami ukunitshela, ngangisesitimeleni, ngobunye ubusuku, ngehlela eHouston, eTexas, futhi phakathi lapho, ngabona umfana omncane, ngiqonde eMiami, eFlorida, umfana omncane elele efile, lapho inqwaba yezihlahla yayigamanxene emadwaleni, nokugunda kwakhe izinwele okubukeka kuxakile, amakhulukazi, amehlo ansundu ekweqile, izinyawo zakhe zazivela emasokisini akhe, imoto yayilele, iphahlazekile eceleni komgwaqo, futhi wayefile. Umzimba wakhe omncane wawuyisigaxa esisodwa esikhulu samathambo aphukile. Ngacabanga, “Ubani lowo na?” Nombono wangishiya.

⁹³ Ngaqhubeka ngehla, kungahle kube nabantu abahlezi lapha, ngakuchaza, ngatshela abantu, “Lungelani, kubhaleni encwadini yenu, kubhale ephepheni elingabhalwe lutho leBhayibheli lakho, futhi ubone ukuthi kuyafezeka yini: Ndawondawo umntwana, cishe oneminyaka eyisishiyagalombili ubudala, waba mnyama, izinwele ezinsundu, amehlo ansundu, ukugunda izinwele okuxakile, elincane, elifushane, egqoke ibhulukwe elifika okhalweni.” Ngathi, “Uzobulawa.” Futhi ngiqagele amaBhayibheli ayizinkulungwane ezingamashumi

amathathu noma amashumi amane ayekuqukethe. Ningahle ukuba nilufundile udatshana kwi *The Voice of Healing*.

⁹⁴ Bangaki olaziyo udaba ngaphambi kokuba ngisho ngisho noma yini ngakho na? Phakamisani izandla zenu. Kwashiwo kungakenzeki, hhayi ngemuva, kodwa ngaphambi kokuba kwenzeke. Futhi lapho, kulolodaba lapho, kwakukhona umfana omncane waminza, bangikhipha, ba...Ubaba wayengemvumele umngcwabi athathe. Ngaphuma, ngathi “Lowo akusuye umntwana, lowo ngumntwana ogqoke kahle, ikhanda elimnyama su ngempela, akusuye lowo.

⁹⁵ Eminyakeni emibili kamuva enhla le eSweden, eNorway, eFinland, ngangehla ngivela eKuopio, lokho kusenhla ezweni lelanga laphakathi nobusuku, sasinomhlangano. Labo bafana abancane phezu lapho, kungengaphezu kwezinganyana, khona impela emva kwempi, futhi babe...babengakaze bashefe, abanye balabo bafana abancane wayengakevi eminyakeni eyishumi nanhlanu ubudala, abakhulukazi abadala, amabhantshi amade, namabhuzu, abesifazane bonke ezansi nedolobha, abesifazane abasha bonke babuthana ndawonye, namakhehla. AmaRashiya ayebabulale bonke phandle empini. Phandle behlaba ngemfologo ifolishi, ensimini, bengazigqokile izikhindi, ezinkulukazi, iziketi eziwugqinsi, amabhuzu amakhulu, abanye babantu abahle kunabo bonke owake wahlangana nabo, lawomaFin, bethembeke ngempela.

⁹⁶ Futhi njengoba mina, ngimi phezu lapho, uMfowethu Lindsay, yonke i, cishe abefundisi abangamashumi amathathu wayelapho, ngathi, “Kukhona okulungiselela ukwenzeka, ngiyakuzwa nje.”

Wathi, “Kuyini, Mfowethu Branham na?”

Ngathi, “Angazi.”

Baqala ukuthatha izithombe ngaleyonkathi, “Ngabe yiNgelosi yeNkosi iseduze na? Singasithatha isithombe na?”

Ngathi, “Angazi, kodwa kukhona okulungiselela ukwenzeka, ngifakazele.”

⁹⁷ Sasho siza sehla ngegquma, saqaphela into ethize. Manje, upetroli uthengisa cishe ngamadola amabili ngegalani. Emihlanganweni, lapho bekuyoba khona amashumi amane, abantu abayizinkulungwane ezingamashumi amahlanu, mhlawumbe bekuyoba nezimoto ezintathu noma ezine, bonke bathatha izinyamazane amakaribu ngezihlibhi, bahamba, noma ngayiphi indlela ababengafika ngayo lapho. Kodwa nakho kwakulele cishe eka 1925, iFord eyimodeli ka '30, noma mhlawumbe imodeli ekamuva kancane kunalokho, iFord eyenziwe eMelika, iphahlazekile, cishe abantu abangamakhulu amahlanu bemi bezungezile, nabafanyana ababili babekade bevela esikoleni bebambene ngezandla.

⁹⁸ Nalemoto, cishe amamayela angamashumi ayisithupha ngehora, yayizungeza ijika, nabafanyana babengazi ukuthi bazoya ngaphi, omunye waqala *ngenye* indlela, nomunye *ngenye*, umshayeli ezama ukubavika, yashaya umfo omncane oyedwa ngaphansi kwesilevu ngobhampa wakhe, noma, ifenda yakhe futhi yamjikijela cishe amayadi angamashumi amathathu futhi yamphahlaza esihlahleni. Omunye umfana omncane wagingqika phezu kwakhe ngqo kanjalo, namasondo akhahlela umzimba wakhe omncane cishe amafidi angamashumi amabili ukunqamula umgwaqo otshanini obuflethi, imoto yagijima ngale kwegquma futhi yaphahlazeka.

⁹⁹ UMfowethu Lindsay nabo baphuma, bakubuka, babuya bekhala izinyembezi.

¹⁰⁰ UDadewethu Isaacson waphuma, umhumushi wami, wabuya ekhala izinyembezi, wathi, “Mfowethu Branham, ubufanele uhambe uyokubuka.”

¹⁰¹ Ngathi, “O, qhabo, angikwazi.” Ngathi, “Uyakhumbula umkami wafa ngisengumshumayeli osemncane nje cishe oneminyaka engamashumi amabili-nane ubudala, ngamngcwaba nengane yami.”

¹⁰² Sinomfo omncane oyedwa kuphela osele, nalowo kwakunguBilly. Ngahambahamba nebhodlela lakhe elincane ephaketheni lami ebusuku. Sasingenayo imali eyanele yokuthola umlilo ukugcina ibhodlela lakhe lifudumele, ngakho ngalifaka ngaphansi kwekhanda lami. Yingalesosizathu enami namhlanje, ngi—ngibe ngubaba nomama, kokubili, kuye, yilokho engamethembisa khona ngenkathi efa. Futhi ngagcina umzimba wakhe omncane ufudumele, nebhodlela lakhe elincane ngomzimba wami uqobo.

¹⁰³ Futhi khona-ke cishe wayeneminyaka eyishumi ubudala, ngathi, “Nginomfanyana wami uqobo ngale eMelika, a—a—angikwazi nje ukuyombuka. Angikamboni uBilly manje cishe izinyanga ezintathu, angikwazi nje ukumbuka.”

Futhi Into ethize yathi, “Hamba ubuke.”

¹⁰⁴ Ngahamba ngaya ngale, futhi babenebhantshi lakhe elincane libekwe phezu kobuso bakhe, base belidonsela phansi. O, he! Ngaphenduka ngaqala ukuhamba ngaqhela. Angazi noma nizokukholwa yini lokhu noma qha, lokho kuphakathi kwenu noNkulunkulu, Into ethize yabeka isandla saYo ehlombe lami, ngacabanga ukuthi kwakunguMfowethu Moore, ngathi, “Ini? Ngani, akukho-muntu eduze kwami,” nesandla sasisalokhu sisehlombe lami. Ngacabanga, “Yini le?” Nesandla soMunye sibekwe ehlombe lami, ngase ngiphendukela kumntwana, kwenzeka ngaqaphela lolonyawo oluncane, imilenze yonke yephukile, unyawo lwakhe oluncane lugijima kwelakhe elikhulu elidala, elimanikiniki, amasokisi amade amnyama, ayebukeka ejwayelekile.

¹⁰⁵ Ngathi endodeni eyinduna, okwakuyimeya yedolobha, “Kunga...?” Babelindele ubaba nomama ukuba beze, ngacabanga, “O, he! Uyocabangani lowobaba nomama omncane lapho beza lapha futhi babone lengane ilele lapha ifihlizekile na?” Omunye umfana omncane, wayephila, ngakho bamphuthumisa esibhedlela ngemoto.

¹⁰⁶ Ngakho lomfanyana wayekade esefile cishe imizuzu engamashumi amathathu. Babelindele ukuthola uyise nonina ngaphambi kokuba umngcwabi amhambise.

¹⁰⁷ Ngathi, “Ngingambuka lowomfana futhi na?” Baphakamisa ibhantshi lakhe elincane, ngase ngibuka, lawo amancane, amehlo ansundu ekweqile, lolohlobo olumnyama, izinwele ezinsundu, ibhulukwe elifika okhalweni elincane, izinyawo zakhe zivela emasokisini akhe. Ngaqalaza, nakho kufika igquma, ehla evela eKuopio Mountain, izihlahla ezihlala ziluhlaza, idwala eligamanxayo. Ngabuka emuva, ngase ngicabanga, “Nguye lowo!”

¹⁰⁸ O, mfowethu, ngingahle ngingaphinde ngihlangane nani bantu kuze kube seNkazimulweni, kodwa ngifisa sengathi ngabe benginamandla kulentambama, ukunichazela ukuthi lokho kungumuzwa onjani. Bonke odeveli abaphuma esihogweni abakwazanga ukukumisa. Akusikho, uma ukholwa, noma *lokhu*, noma *lokho*, noma *okunye*, sekuvele kwenziwe, uNkulunkulu washo njalo.

¹⁰⁹ Ngabuka ngase ngithi, “Nguye lowo.” Ngathi, “Mfowethu Moore, Mfowethu Lindsay, wozani masinya!” Ngathi, “Thola ikhasi elingabhalwe lutho eBhayibhelini lakho masinya!”

“Yini indaba, Mfowethu Branham?”

Ngathi, “Funda ikhasi elingabhalwe lutho.”

¹¹⁰ “ISHO KANJE INKOSI: Kuyakufezeka, ukuthi umfana omncane, phakathi kweminyaka eyisishiyagalombili neshumi ubudala,” incazelo yakhe, “elele endaweni lapho amadwala egamanxele khona imisedari nezihlahla ezihlale ziluhlaza.”

Bathi, “Yini leyo, Mfowethu Branham na?”

Ngathi, “Buka umntwana. Buka lapho emadwaleni.”

Wathi, “Kwaku... Ngabe nguye lowo na?”

Ngathi, “Nguye lowo!”

¹¹¹ O, he! O Nkulunkulu, faka iBandla kulesosimo. Mangihlale kuleyondawo.

¹¹² Ngathi, “Khuluma ngokukhulu ukushesha, Dadewethu Isaacson, ngihumushele.” Ngathi, “Uma iNkosi uNkulunkulu ezweni laseMelika, eminyakeni emibili edule, nakhu kulotshwe kulamakhasi eBhayibheli labafowethu, uma lowomfanyana engamile ngezinyawo zakhe ephila emizuzwini emihlanu,

ngizoshiya iFinland nophawu emhlane wami: ‘UmProfethi wamanga.’”

¹¹³ O, kuyinto enhle kakhulu lapho wazi ukuthi uNkulunkulu uzokwenzani! Ngabaqoqa, ngaguqa phansi ngase ngithi, “Nkosi Nkulunkulu...” Uma ungathanda ukuthola imininingwane yalokhu kwimeya, ngizokunika ikheli layo. Ngathi, “Nkosi Nkulunkulu, ezweni lendabuko Ukhulume ngalombono, futhi ngiyazi entandweni yaKho enkulu, emiselwe ngaphambili, sekuvele kufeziwe. Ngakho, kufa, buyisela ukuphila kwalomfana!” Futhi uNkulunkulu OnguMahluleli wami onesizotha, phambi kwaleliBhayibheli kulentambama, umfo omncane wagxuma wama ngezinyawo ngokujwayelekele nje njengoba wayenjalo ihora ngaphambi kokuba ashayiswe.”

¹¹⁴ Ngalobobusuku emhlanganweni, wawungeke ngisho... Babenombutho wezempi phandle lapho, futhi ngifuna ukunitshela okuthize, niyakhumbula, kwakungamamayela amabili kuphela ukusuka ekhethinini lensimbi, futhi ngenkathi lokho kunqamula konke kwehle kudabule e, eRashiya ngaleyontambama emsakazweni, ngenkathi ngifika ngalobobusuku, nakho kumi lawomasosha amaKhomanisi ebangeni lendlu yasedolobheni, emi lapho nalokho kubingelela kwamaRashiya, izinyembezi zehla ezihlathini zawo, athi, “Sizokwemukela uNkulunkulu onjalo Onamandla.”

¹¹⁵ Yini indaba na? Nina maProtestane namaKatolika nagijima nenyukela lapho futhi nathatha yonke imali yabo, futhi nayifaka ezakhiweni ezinkulukazi, futhi nehluleka ngisho nokuveza noma yini engaphezu kwalokho izwe lonke elalinakho. “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.” Akumangalisi elibandayo, ibandla ngegama likhuluma ngokumelene nakho. Njengoba ngishilo izolo ebusuku, “Yisibonakaliso okuzokhulunywa kabi ngaso.”

¹¹⁶ Ngalobo busuku emhlanganweni angisoze ngakhohlwa (Uma ngingaba nemizuzu cishe eyishumi kade na?), sasingenisa abantu emgqeni, kwakukhona inqwaba enkulu, niyaqaphela encwadini yami, inqwaba yezinduku zokuqhubela nezinduku ezazi...wawungeke unqwabelanise kulomsamo, abantu ababezilahlele. Ngifanele ngiphoqe izinkulungwane ezimbalwa ziphume ukuze abanye bangene. Futhi lapho ngiqala ukungena esakhiweni ngalobobusuku, ngangihamba kancane impela, namasosha amabili amancane ngaphambili namabili ngemuva, nezinkemba zawo ezibambile zaphuma kanje, evimbela abantu baqhele kuwe.

¹¹⁷ Lapho ngingena esakhiweni, indlu yokulala yamantombazane, kukhona into encane, umnyango uvaliwe, futhi ngabuka, futhi nakhu kwakumi enomoya omuhle, intombazanyana, ethi ayibe neminyaka kaRebekah wami omncane manje, cishe ishumi, iminyaka eyishumi nambili

ubudala, umlenze owodwa, niyasibona isithombe encwadini yami, othi awube mfishane *kangako* kunomunye, futhi yayinezinsimbi ezinkulu eziyizungezile, yayinebhande ozwaneni lwesicathulo sayo elaleqile, futhi laleqile futhi lashaya lensimbi enkulu emuva lapha, nalesisicathulo sakhiwa nensimbi ohlangothini ngalunye.

¹¹⁸ Yayingakwazi ukunyakazisa lowomlenze omncane, ngakho kwakufanele kube yinsimbi ephelele, ngakho yayingeke yehle *kanje*. Futhi njalo lapho inyakaza, yayidingeka ithathe ihlombe layo elincane, futhi iphakamise lolonyawo futhi ilushove, bese-ke yenza isinyathelo sayo. Neziketi zayo zangaphansi ezincane, izingubo zayo ezincane zazimanikiniki, izinwele zayo ezincane zazingunyiwe zonke, obayo obucane, ingane, ubuso obuphaphathekile. Futhi ngenkathi ingibuka... Babetshelwe ukuthi bangangimisi esitaladini.

¹¹⁹ Ngiyazithanda izinganyana ezincane, ngangilinda kuze kube uMfowethu Baxter, nabo, bonke babenenkonzo yantambama, futhi ngangithola leyomali endala futhi ngiphumele lapho futhi ngithenge uswidi omncane, futhi bengiyoba nohide lwezinganyana amablokhi amabili amade engilandela, ngiphosa uswidi kuzo."

¹²⁰ Futhi nansi yayilapha, futhi yacabanga ukuthi yayenze into ethize engalungile, yagwacisa ikhanda layo elincane, futhi yayinezinduku zokuqhugela ezimbili, yayithatha lezizinduku zokuqhugela, futhi izibeke ngaphandle, yagobisa amahlombe ayo amancane, iphakamisa lowomlenze futhi iwuphose ngaphandle, futhi yileiyondlela eyayihamba ngayo. Futhi ngayibona, yayicabanga ukuthi yayenze okungalungile, ngakho yagwacisa ikhanda layo elincane phansi, sengathi ayingiqapheli ngedlula.

¹²¹ Okuthile ngaphakathi kuqala ukunyakaza. Ngayibuka, nesosha emva kwami, angikwazanga ukukhuluma igama lolwimi lwesiFinn, ngakho laqhweba ukuba ngiqhubeke ngiphume. "Umzuzu nje."

¹²² Futhi umntwana wabheka phezulu, futhi ngamqhweba *kanje*. Ngangazi ukuthi wayefuna ukuza ngapho, kusobala wayekhubazekile, wayesemhlanganweni ukuba enze njalo. Ngayiqhweba, yangibuka, ngase nginqekuzisa ikhanda lami, "Yebo."

¹²³ Futhi yakhapha izinduku zayo ezincane zokuqhugela, yaphakamisa umlenze wayo omncane, yenza isinyathelo, yaphinda yabheka, okufana nobuntwana. Ngalinda nje, angizange ngisho lutho, yaze yasondela ngqo eduze kwami. Yangibuka phezulu, nalawo amancanyana, aphaphathekile, amehlo aluhlaza sasibhakabhaka engane... Ngathola kamuva yayingencane, intandane yasempini yaseFinland, yayingenaye umama noma ubaba, kungekho-muntu, ihlala ethendeni

nabanye abantu, umama wayo nobaba babekade bebulewe ngamaRashiya. Lensimbi endala ebukeka kabi ababeyenzele yona, ngavele ngama ngacabanga, “Uzokwenzenjani lowomntwana na?” Angikwazanga ukukhuluma nayo.

¹²⁴ Yagoba yayisibamba ibhantshi lami futhi yanga iphakethe lami, yakhipha isiketi sayo esincane *kanje*, yayisithi, “Kiitos.” Kusho ukuthi, “Ngiyabonga.”

¹²⁵ Ngacabanga, “O Nkulunkulu!” Ngaleyonkathi nje phambi kwami, ngabona umntwana omncane ekhumule lezozinsimbi, ehamba ngezinyawo. Ngacabanga, “O, uma bengingayenza ikwazi!”

Ngathi, “S’thandwa?”

Yayilokhu ithi nje, “Kiitos,” izinyembezi zehla ezihlathini zayo ezincane eziphaphathekile, “kiitos, kiitos.”

Ngathi, “S’thandwa! O Nkulunkulu,” ngathi, “INkosi uNkulunkulu iye ya...O Nkulunkulu, ake ngikhulume okuthize! Uphulukisiwe!”

¹²⁶ Futhi nje ngaleyonkathi, ayeza, isigejane samasosha, “Woza, sebeculile, *Kholwa Kuphela*,” futhi ngadingeka ngihambe, bangiphusha ngaqhubeka ngedlula.

¹²⁷ Futhi nje ekuvalweni kwenkonzo, ngalobobusuku, umfowethu ufika kimi wayesethi, “Lokho kwenele, lokho kwenele, unenye inkonzo kusasa ebusuku.”

Ngathi, “O, buka, mangaki amakhadi abawakhiphile na?”

Wathi, “O, banikeze isigejane samakhadi, ungawasebenzisa kusasa ebusuku.” Niyabo? Akekho owayengasiqonda isiNgisi.

¹²⁸ Ngathi, “Biza nje abanye abambalwa.” Ngase ngithi, “Nginike ekhadini lomkhuleko, us’*bani-bani* kuya kus’*bani-bani*.” Futhi ngokuhlinzeka okukhulu kukaNkulunkulu, yayingolandelayo emgqeni. Nansi iza!

Ngathi, “Dadewethu Isaacson, vele usho engikushoyo,” umhumushi.

Ngathi, “S’thandwa, uyintombazanyana ehlangane nami phandle ngaleya ehholo. UJesu Kristu usekuphulukisile. Yana laphaya, bese uhlala phansi, bese udedela abanye babangenisi bakhumule lezozinsimbi kuwe.”

¹²⁹ Ngenkathi ngisabiza omunye, nansi iza inqamula emsamo, yomibili imilenze ifana, lezozinsimbi phezu kwekhanda layo, imemeza enkazimulweni kaNkulunkulu. Izinkulungwane zamaFini zawa ngobuso bazo futhi zanikela impilo yazo eNkosini uJesu, abandayo, amalunga ebandla ngegama nje abangamaKristu azelwe ngokusha.

¹³⁰ Kuyini na? “Hambani niye ezweni lonke, nishumayele iVangeli. Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.” Uma uNkulunkulu ekhathalele umFini omncane, Ukhathalele

umMelika, Ukhathalele omncane, umfana omnyama, umfana ophuzi, umfana onsundu; Uzofanele ahlale enguNkulunkulu. Kungani singakwazi ukususa isitashi ezintanyeni zethu na? Kungani singayitholi isayense yezenkolo esifundiswe yona, ukuthi izinsuku zezimangaliso selwedlule, futhi silandele okwashiwo nguKristu na? Wathi, “Onke amazwi omuntu awabe ngamanga, nawaMi abe yiqiniso. Phezu kwalelidwala Ngiyakulakha iBandla laMi, namasango ehayidese angeLehlule.” Ngakho u—ubusisiwe.

¹³¹ Ngithi, “KuKristu iDwala eliqinile ngizoma, yonke eminye imihlabathi yisihlabathi esibishayo.” Uma ngifela ensimbi, ngifuna ukuhamba nesihlangu esandleni sami. Ngizoba neminyaka engamashumi amane nesishiyagalolunye ubudala neviki elizayo, angisiyo inganyana, sengiba yikhehla, lamahlombe ayevame ukuma eringini, izinkonyane ezazivame ukuqina, ziyaguga futhi zithambe.

¹³² Kunendawo enkulu ebekwe phambi kwami ebizwa ngokufa, ngiyakwazi, njalo lapho inhliziyo yami ishaya, ngisondela ngokushaya okukodwa kuleyondawo. Ngolunye usuku iyothatha ukushaya kwayo kokugcina, futhi ngiyofanele ngingene kuleyondawo emnyama ebizwa ngokufa, nansi into eyodwa engifuna ukuyenza: Angifuni ukungena njengegwala. Lapho ngazi ukuthi ihora lami lokugcina selifikile, ngifuna ukuzisonga ngezingubo zokulunga kwaKhe, ngingene nalokhu: isiqiniseko esisodwa enhliziyweni yami, ukuthi ngiyaMazi emandleni okuvuka kwaKhe, ukuthi lapho Ebiza kwabafileyo, ngiyophuma phakathi kwalabo abafileyo ngaloloSuku olukhulu.

¹³³ Mngane wami, ngabe lelothemba liphumule kuwe kulentambama na? Akunandaba ukuthi ungowaliphi ibandla, mingaki imikhuleko owayisho, mangaki amakhandlela owakhanyisile, bangaki *Oyethi Mariya* obamemezile, konke kuyize, ngaphandle uma uMazi emandleni okuvuka kwaKhe. “Uyaphila! Uyaphila! UKristu Jesu uyaphila namhlanje.” Onguye izolo, namuhla, naphakade.

Asikhothamise amakhanda ethu.

¹³⁴ Omkhulu onaMandla noJehova, Wena ngifakazele ngalezizinto engizifakazile. Wena uyazazi ukuthi ziyiqiniso, ngoba Wena wazenza. Futhi Nkosi Nkulunkulu, Owavusa uJesu kwabafileyo, Ungaphilisa wonke ongakholwayo phakathi lapha manje ekukholweni kwangempela okuphilayo kuYe. Abantu abaningi bahlezi phakathi lapha, Nkosi, ongamalunga ebandla ngegama nje, bangabazo zonke izinhlobo ezehlukene zamabandla, amaPentecostal, namaNazarene, neMethodisti, nawo onke amahlelo ehlukene, futhi, O Nkulunkulu, abakaze baweqe lowomugqa namanje, abanye abakaze baKwemukele nhlobo.

¹³⁵ Futhi kwangathi uMoya oNgcwele ungafakaza ukuthi angiwasho lamazwi ukuvumela labobantu bacabange ukuthi noma yiyiphi into eqondene nami uqobo, ngoba Wena uyafakaza, Nkosi (isoni, esizelwe ngisho nangaphandle kwesikhathi), kumaningi alamadoda ampunga nabesifazane abahlezi lapha abashumayela iVangeli ngenkathi ngisengomncane, umfana oyisoni. Kodwa O Nkosi Nkulunkulu, Wena unikeze inhlanhla yamehlo ami ukubona inkazimulo yaKho, nokukuzwakalisa kulabo abadingayo.

¹³⁶ Nkulunkulu, siphe kulentambama, ukuthi uMoya oNgcwele uzoxhuxhumisa yonke inhliziyi phakathi lapha, futhi uzoletsha kubo ukuqonda kwesidingo abanaso, baphe, Kristu, kulentambama abaWufisayo, Baba. Yizwa umkhuleko wenceku yaKho. Kwangathi izinhliziyi ezikhandlekile ezingenile, nezinhliziyi ezingakholwa nezingabazayo zingaphuma zijabule futhi zithokoza.

¹³⁷ Sisakhothamise amakhanda ethu, bonke phakathi lapha abaMfunayo, ungasiphakamisa isandla sakho kuYe na? Uthi, “Nkosi Nkulunkulu, yiba nomusa kimi, ngenze ngibe ngumKristu wangempela.” UNkulunkulu akubusise, lokho kuhle. Konke phansi kudabule kulesisikhala esiphakathi nezihlalo esimaphakathi. Isikhala esiphakathi nezihlalo ngale kwelinye icala. O, yebo, ziningi izandla. Uvulandi osesitezi, bonke labobantwana abasebancane phezulu lapho, ishumi, amatshitshi namabhungu ayishumi nanhlanu bephakamise izandla zabo.

¹³⁸ Kwesokunxele, kulungile, ngale kwesokudla lapha, bangaki ngapha, phakamisani izandla zenu, nithi, “Nkulunkulu yiba nomusa, ngenze eyangempela, inceku kaKristu yangoqobo kusukela kulolusuku kuqhubeke, ngethembisa ukuba ngeyaKho, Nkosi. Ngisize njengamanje, uma ngingenakuya emasimini ezimishini, ngisize ukuba ngibeke i...ngibe... ngibeke umthwalo enhliziyweni yami ukuba ngikhulekele labo abasensimini.” Kuyobalelwa kuwe kube ngukulunga. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu anibusise, nxazonke. Kunjalo. Mngane oyisoni, nesandla sakho siphakeme, ucela umusa, kukhona indawo yakho eMthonjeni.

Ngokuba kukhona uMthombo ogcwaliswe
ngeGazi

Elimuncwe emithanjeni ka-Imanuveli,
Lapho izoni zibhukuda ngaphansi
kwethantala,

Kusuke onke amabala azo esono.

Lelosela elifayo lajabula ukubona

LowoMthombo ngosuku lwalo;

Makuthi mina, nakuba ngimubi njengalo,

Hlanza zonke izono zami.

Kusukela lapho ngokukholwa ngawubona
lowomfudlana

Amanxeba aKho agelezayo ahlinzekayo,
Uthando oluhlengayo lube yindikimba yami,
Futhi luyoba njalo ngize ngife.

Bese kuthi-ke ngeliphakeme, iculo elimnandi,
Ngizocula amandla aKho okusindisa,
Ngenkathi lolu olutetemayo, ulimi
olungingizayo
Lulala luthule ethuneni.

¹³⁹ UNkulunkulu abusise inhliziyo yakho encane lapho, s'thandwa, intombazane engengaphezu kweminyaka emibili ubudala, ivayizelisa izandla zayo ezincane, awayo amancane, amehlo amnyama ebuka phezulu. O, he! Uma uNkulunkulu engakhuluma enganeni encane kanjalo, kuthiwani ngezinonya, ezinenhliziyo ebandayo, izoni na? Niyazi ukuthi yini indaba na? Udonse inhliziyo yakho emaphephabhukwini amaningi kakhulu amadala i*True Story*, nezinto eziningi kakhulu ezindala zika u-Arthur Godfrey emsakazweni nethelivishini, sekuze kwaba mnyama kakhulu futhi kwaba lukhuni, uMoya oNgcwele uze ungabe usakhuluma. Ihlazo elinje pho! Leyo ngane encane. . .

¹⁴⁰ Wena uthi, "Ayazi ukuthi yenzani."

¹⁴¹ Ingahle ukuba ayazi, kodwa uMoya oNgcwele uyazi. Akashongo yini ukuthi, "Vumelani abantwana abancane beze kiMi, ningabenqabeli: ngokuba uMbuso ungowabanjalo?"

¹⁴² Ngaphambi kokuba sinikele umkhuleko, zingabakhona yini ezinye izandla ezingakaze ziphakamise izandla zazo, manje zizothi, "Ngiyakholwa Mfowethu Branham, lonke iVangeli, nginikela konke okwami nakho konke okwami kuYe. Nasi isandla sami, Nkosi, angisibambile encekwini yaKho, uMfowethu Branham, ngisibambe kuWe, Nkosi. Faka igama lami eNcwadini yaKho kulentambama, futhi mangiphilele Wena kusukela kulolusuku kuqhubeke"? Abanye abangasiphakamisanga isandla sabo, phakamisa isandla sakho, uzokwenza na?

¹⁴³ UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, nenekazi. UNkulunkulu akubusise, ntombazanyana. UNkulunkulu akubusise, emuva lapho, mnumzane, wena, wena, nawe laphaya, nenekazi. Phezulu kuvulandi osesitezi lapho ngemuva, uNkulunkulu akubusise. Nxazonke. Kulungile manje, lokho kuhle, uNkulunkulu abe nani.

¹⁴⁴ Angibi luhlaza, anginithethisi, angiqondile ukukwenza, ngilindele Yena nje ukuba asho okuthize. Kungahle kube nomuntu oyedwa phakathi lapha ofanele ukuthethiswa, futhi yilowo uMoya oNgcwele obukhuluma naye. Niyabo? Uyazi noma inhliziyo yakho iyakulahla yini.

¹⁴⁵ Manje asikhulekele lezizandla, amashumi amabili noma amashumi amathathu, mhlawumbe ngaphezulu, aphakamile.

¹⁴⁶ Nkulunkulu othandekayo, bangabaKho. Uma ngempela bebekuqondile lokho ngokusuka enhliziyweni yabo, khona-ke bazalwa nguMoya, khona manje, belindele ukwemukela uMoya oNgcwele. Bayizikhonzi zaKho ngalomzuzu, ngokuba, “Akekho ongeza kiMi, uma uBaba waMi engamdonsi kuqala. Wonke ozayo, Ngiyakumnika ukuPhila okuPhakade, futhi ngimvuse ngomuhla wokuphela.”

¹⁴⁷ Nkosi Nkulunkulu, bangabaKho, bayi—bayimiklomelo yomlayezo, bayizipho zothando zikaYise eNdodaneni. Bangabhubha kanjani na? Wena wathi, “Ngibapha ukuPhila okuPhakade, futhi abasoze babhubha.” BangabaKho, mabaphilele Wena, Nkosi. Makuthi bona, uma benjalo, ngiyazi bazothola ibandla elihle, lapho babhaphathizwe, babeke ubulunga babo, futhi lapho basebenzele uMzimba kaKristu baze bakhululwe ukufa.

¹⁴⁸ Futhi ngoluny’usuku, Nkosi, ngenkathi sehlela emfuleni, futhi ngazi kanjani ukuthi abekho abesilisa nabesifazane abahlezi khona lapha manje, abangaphinde babuyele ekhaya labo kulomhlaba, ukuhlaselwa yinhliziyi, noma ukuphahlazeka emgwaqeni, omunye umshayeli odakiwe abaphahlaze; asazi ukuthi ikusasa liphetheni, kodwa siyazi ukuthi Ubani ophethe ikusasa.

¹⁴⁹ Manje, Nkosi, faka igama labo eNcwadini yaKho. Uma ngifumene umusa emehlweni aKho, faka igama labo eNcwadini yaKho, Nkosi. Ngeke ngikwazi ukubaxhawula njengamanje, mhlawumbe neze empilweni, kodwa ngizokwenza ngolunye usuku lapho sekuphelile, ngomusa waKho, ngizokwenza.

¹⁵⁰ O, beka isithunywa senkolo ezingqondweni zalababantu. Ukuthi nje siphenduka kanjani futhi sidonse sisuka kwelinye ibandla siye kwelinye, futhi cabanga ngezigidi ezifayo namhlanje ezingakaze zilizwe ngisho iGama laKhe eliligugu. Vula amasango e-Afrika, Nkosi, nezingxenyane ezechlukene zezwe, beka imithwalo phezu kwezinhliziyi zabashumayeli ukwesekela, nokuhamba, ngokuba amahora ayavala. Siphe khona, Baba. BangabaKho manje, ngibanikela kuWe.

¹⁵¹ Ngolunye usuku, Nkosi, ngifanele ngize, futhi, kungahle kube namhlanje. Kodwa ngoluny’usuku, ngizolivala leliBhayibheli isikhathi saLo sokugcina kimi, ngiyakuqonda lokho, Baba, ngizokhuleka umkhuleko wami wokugcina, futhi lapho sengifika ezansi ekupheleni komgwaqo, futhi ngizwa izimpophoma zeJordani zingishaya ebusweni, ngifuna ukubuka emuva phansi kuzo zonke izixhobo zameva, nawo onke amagquma engakhwela kuwo, futhi ngithathe iNkemba endala, futhi ngiYishiyeke emgodleni wePhakade, ngikhumule isigqoko

sesivikelo, ngisibeke phansi osebeni, futhi ngidazuluke, “Phusha isikebhe sokuphila, Nkosi, ngiza eKhaya kulokhu ukusa.”

¹⁵² Lapho inkonzo yami isiphelile, mangihambe ngokuthula, Nkosi, kwangathi ngingahlangana nabangani bami ngezigididi laphaya, lapho isikhathi sesiphelile nePhakade liyahamba kuze kube phakade.

¹⁵³ Izinsuku ziyashisa, ilanga liyashona, impucuko iyafa, uJesu uyeza. O Nkulunkulu, sivuse ngokushesha, sivuke futhi sizinyakazise, singancinzi imizimba yethu, kodwa sincinze imiphefumulo yethu ukuba iphaphame, ngokuba isikhathi sesedlule kunoma sicabanga.

¹⁵⁴ Phulukisa abagulayo nabahluphekile, Nkosi. O Nkulunkulu, kwangathi kulobubusuku kungaba ubusuku obunjalo, ukuthi ngeke kwabakhona umuntu obuthakathaka phakathi kwethu. Siphe khona. Sibusise manje, njengoba silungiselela ukuphumela omunye umhlangano masinya. EGameni leNkosi uJesu, ngiyakhuleka. Amen.

¹⁵⁵ Umzuzwana nje owengeziwe wesikhathi senu. Billy, ungitshale ukuba ngimemezele ukuthi ubuzohamba, kusukela kulolusuku, ubuzokhipha amakhadi omkhuleko, amanye awo, noma...? Ligamenxe elesithupha? Ligamenxe elesithupha. Uphi uLeo na? UGene? Banike amanye amakhadi, futhi, ukuze bawakhiphe ngokushesha impela. Kulungile. Ligamenxe elesithupha.

Qaphelani, bengicabanga emkhulekweni wami. Bangaki abazizwa bekahle ngempela na? Phakamisani izandla zenu nje, nithi, “O...” Asicule kanye:

Ng’yaMthanda...

Wonk’umuntu:

...Ng’yaMthanda,
Ngoba Wang’thanda kuqala
Wang’thengel’insindiso
Emthini waseKalvari.

¹⁵⁶ Ngiyaxolisa ngalokhu njengamanje, angikaze ngikuqaphele kuze kwaba manje nje, ngibona omunye wabafowethu enyameni, uDoc, ngimbiza ngo*Doc*, u-Edgar. Yena nomkakhe behlezi khona...Phakamisa isandla sakho, Doc. Umfowethu, umfowethu wegazi, olapho, yena nomkakhe, noMfowethu noDadewethu Wood, uDavid.

¹⁵⁷ Niyangikhumbula ngikhuluma ngobunye ubusuku ngomfana owayenohlobo oluthile lomlenze osontekile, uyise wayenguFakazi kaJehova? Niyakukhumbula lokho na? Umfana umi khona lapha manje. Phakamisa isandla sakho, David. Ungavele uphumele lapho, umzuzu nje na? Angifuni ukwenza umbukiso ngawe, David. Nakhu uNkulunkulu akwenzayo emlenzeni osontekile, hhayi ngisho nokuthinta. Yena ehlezi

emhlanganweni. Yenyuka *ngalendlela* nje, David. Nango umfana onomlenze owawusonteke ngaphansi kwakhe. Yenyukela lapha. Ngi... Ungumfana obukeka kahle, sonke sifuna ukukubona. Ngiyazi ukuthi ku... Lowo ngumama wakhe lapho.

¹⁵⁸ Kwakuyimuphi umlenze, David na? Akazi manje. Ngiyabula ukukubona ubuyile, uDavid. Lomlenze womfana wawusontekile ngaphansi kwakhe. INkosi uNkulunkulu, ehlezi emuva le kude kunalesisakhiwo sikhona manje, waphulukisa umlenze wakhe.

¹⁵⁹ Doc, ubukeka ungcono koBranham. Yenyukela lapha, umzuzu nje. Kulungile.

¹⁶⁰ UMfowethu Burns umi emuva lapho, futhi. Ngiyakhumbula... Bangaki onalesosithombe seNgelosi yeNkosi na? Yebo. Umkakhe, ngenkathi uDoc eseza, umkakhe waye... Wayesesibhedlela ebulawa ngumdlavuzi. (Doc, ngiyabula ukukubona, uNkulunkulu akubusise.) Futhi ngakho ba... Umkakhe wayesesibhedlela...

¹⁶¹ Ngigagele uMfowethu Neville usevele wethuliwe. UMfowethu Neville, umelusi ovela etabernakele, umi khona lapho. Wethuliwe, wethuliwe yini, Mfowethu Neville? Zenyusele lapha emsamo khona-ke.

¹⁶² UMfowethu Neville, nangu umelusi weMethodisti, elusa ibandla lami leBaptisti, kodwa siyiMethodisti neBaptisti enombhaphathizo kaMoya oNgewe. Lomfana ungowase-Asbury College. (UNkulunkulu akubusise Mfowethu Neville, uNkulunkulu akubusise.) O, lokho kuhle. Manje, sinenqwaba...

¹⁶³ Bangaki olapha ovela eJeffersonville na? Ukhona omunye ngapha na? Phakamisa isandla sakho, ovela ngasebandleni. O, yebo, mnumzane. Ngibona uMfowethu Beeler, omunye umshumayeli emuva lapho, ovela eJeffersonville. O, igenge enkulu ye... Angikwazi ukubakhuphulela lapha kulobubusuku, ngibethule bonke.

¹⁶⁴ Ngifuna ukusho lokhu ngoDadewethu Burns; useNkazimulweni manje. UMfowethu Banks Wood nami, sobabili sivela eKentucky, sasizingela izingwejeje, iNto ethize yangibiza emahlathini, lowo ngubabayi walomfana, ngacabanga, "Yini indaba na?" Sadingeka siye ekhaya. Ngathi, "Angazi ukuthi kungani ngisekhaya, Mfowethu Banks." Ngangizama ukuthola ukuphumula okuncane. Ngathi, "Ngiya ngale eSelkirks ukuyothenga amagobolondo." Futhi ngempela singadubula okuhlosiwe, ngakho sahamba hamba. Ngathi, "Mfowethu Banks," ungowaseKentucky, ngathi, "gibela ujike ekhoneni, ngizongena eSelkirks futhi ngithole amagobolondo, ngizokubona lapho usungena." Awukwazi ukuma kuleso sitaladi.

¹⁶⁵ Wagibela wazungeza, futhi wazungeza, futhi wazungeza endaweni okungesiyo. Futhi ngangimi phandle lapho,

ngacabanga, “Awu, yini indaba na? Ukuphi lowomfo na?” Cishe emizuzwini engamashumi amathathu, kwenzeka ngaqaphela, wayesezansi le kwelinye ibanga lendlu yasedolobheni, ezungeza isitaladi. “O,” ngacabanga, “lowomfo wakhuliswa eLouisville, awu, akazi ukuthi ukuphi na? Wedlula ngqo, niyabo, iSelkirks ayikho lapho, futhi wenza imizuliswano eyishumi noma eyishumi nanhlanu.”

¹⁶⁶ Ngakho-ke ngagijima ngehla ngesitaladi ukuyommisa, futhi lapho nje eza ngapha, uDadewethu Burns... Mfowethu Burns ungasiphakamisa isandla sakho lapho, ukuze bazi na? Umkakhe... Wayebulawa ngumdlavuza obendeni. Ngikholwa ukuthi wayeyiBaptisti, uma ngingaphosisi, ovela eKentucky, futhi waphulukiswa lapho endlini, futhi waphila yonke leminyaka. Futhi wayesesibhedlela ngodaba olubi ngempela lomdlavuza, odokotela base bemdelile.

¹⁶⁷ Nowakhe othandekayo, unkosikazi onomoya omuhle, wathi, “Nkosi Nkulunkulu, angazi ukuthi uMfowethu Branham ukuphi.” Wahamba wayesethatha lesosithombe, wayesesibeka phansi kwiphansi lendlu, wayeseguqa phansi, futhi wathi, “O, Ngelosi kaNkulunkulu, Osithombe sayo sikuleliphapha, thumela uMfowethu Branham kimi, ngokukhulu ukushesha.”

¹⁶⁸ Futhi wasukuma, wayesethi, “O, ngifanele ngikhokhele isikweletu sami sokusetshenzisiwe.” Wehlela edolobheni, amamayela, wakhokha isikweletu sakhe sokusetshenzisiwe, futhi kukhona okwamholela ekhoneni, futhi lapho nje efika ekhoneni, ngangisekhoneni. Nakho la kwakukhona. Wangitshela ngoMfowethu Burns, neNkosi uNkulunkulu yamkhipha esibhedlela. Nangu emile namuhla njengofakazi.

¹⁶⁹ Futhi uNkulunkulu wayenoMfowethu Banks ehamba ezungeza futhi ezungeza isikwele okungesiso, esibambe lapho, uNkulunkulu aze asithole endawaneni. Uyawuphendula umkhuleko. Niyakukholwa na? Thanini, Amen. [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Usaphila futhi uyabusa.

(Unento ofuna ukuyisho na?)

¹⁷⁰ Ngiyawathanda lamaculo ayifeshini endala, aniwathandi na? Asicule, *Size Sibonane!* Nizokwenza na? Kulungile. Siphe indlela, ndodana, uma uthanda, *Size Sibonane!* Kulungile:

UNkulunkulu abe nani size sibonane futhi!
Ngezeluleko zaKhe aniqondise, anisekele,
Ngezimvu zaKhe akusonge ngokuphepha;
UNkulunkulu abe nani...

¹⁷¹ Lokho akuzwakali yini kufana kakhulu noNkulunkulu kunenqwaba yokuqhubeka na? Akuzwakali na? Lalelani manje, xhawulanani nomunye oseduze kwakho manje, phambi kwakho, emuva kwakho, eceleni kwakho, ungasuki esihlalweni sakho, asikaqedi okwamanje, xhawulanani nje.

Size sibonane! size . . .

Nonke nina maMethodisti neBaptisti manje, maPentecostal, maPresbyterian, phezulu kuvulandi osesitezi, xhawulanani.

. . .sibonane ezinyaweni zikaJesu; (size sibonane!)

Size sibonane! size sibonane!

UNkulunkulu abe nani size sibonane futhi!

Kancane:

Size si . . .

Manje phakamisela isandla sakho kuYe.

. . .size si . . .(O, lokho kungokwaseZulwini kimi!)

. . .sibonane kwezikaJesu (Mhlawumbe ngaphambi kobusuku.) izinyawo;

Size sibonane! size sibonane!

UNkulunkulu abe nani size sibonane futhi!

¹⁷² Manje, laphe sikhothamisa amakhanda ethu, asilihamishe.

(Size sibonane!)

Size sibonane! size sibonane!

UNkulunkulu abe nani size sibonane futhi!

¹⁷³ Amakhanda ethu ekhotheme manje, Ngizocela owethu othandekayo, umelusi othandekayo, uMfowethu Orman Neville ovela eTabernakele likaBranham eJeffersonville uma ezosikhipha ngomkhuleko. Mfowethu Neville. 

58-0330A Ingxoxo Ebuthunyweni Benkolo
EMiddletown High School
EMiddletown, E-Ohio E-U.S.A.

ZULU

©2026 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS

P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.

www.branham.org